



#### **IKomkhulu**

Ucingol: +27 12 346 3985 | Fax: +27 12 346 3986  
I-imeyili: info@cbe.org.za | Web.  
www.cbe.org.za

#### **Ikheli Leposi**

P.O. Box 915. Groenkloof. 0027

#### **Ikheli Lendawo**

169 Corobay Avenue  
Corobay Corner Block A  
2<sup>nd</sup> floor  
Waterkloof Glen  
PRETORIA  
0010

## **UMKHANDLU WEZINDAWO EZAKHIWE**

### **inqubomgomoyezilimi**

UMkhandlu Wezindawo Ezakhiwe (i-CBE) lapha umememezela iNqubomgomoyezilimi yayo esemthethweni.

#### **1. ISENDLALO**

UMthetho Womthethosisekelo Weriphabhlikhi YaseNingizimu Afrika (i-RSA) uthetho we-108 wonyaka we-1996 uyazimukela izilimi ezi-11 ezisemthethweni; futhi uyakwamukela ukuphela kokusetshenziswa nezinga lezilimi okudinga uMbuso ukuba uthathe izinyathelo ezisebenzisekayo nezihle zokukhuphula izinga nokwenza ngcono lezi zilimi. UMthethosisekelo uphinde uqhubeke udinge ukuthi zonke Izilimi Ezisemthethweni ziphathe ngenhlonipho nangokulinganayo.

Kuze kube manje, uMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni we-12 wonyaka we-2012 wamenyezelwa ukuze, kokunye, ukuhlinzekele ukulawulwa nokuqashwa kokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni nguhulumeni kazwelone ngezinhloso zikahulumeni, udinga ukuba kwamukelwe inqubomgomoyezilimi ngumnyango kazwelone, uhlaka lukazwelone lukahulumeni kanye nebhizinisi likazwelone likahulumeni kanye nokwakhiwa kophiko Iwezilimi lakhelwa umnyango kazwelone, uhlaka lukazwelone lukahulumeni kanye nebhizinisi likazwelone likahulumeni.

UMkhandlu Wezindawo Ezakhiwe (i-CBE) njengoba usungiulwe isahluko sesi-2 uMthetho Wezindawo Ezakhiwe wama-43 wonyaka we-2000, ngakho-ke, ukuhlonipha uMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni, wakhe iNqubomgomoyezilimi wawo.

## **2. INHLOSO**

Inhloso yale Nqubomgommo Yezilimi ngukuchaza ukuthi i-CBE izohlonipha kanjani futhi isebeenzise imibandela yoMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012, futhi usebeenzise izilimi ezisemthethweni ukuze uxhumane ngokugunyazwa kwawo kanye nangezinsizakalo zawo kulabo okusetshenziswana nabo kanye nezakhamizi zaseNingizimu Afrika.

## **3. UBUKHULU NOKUSETSHENZISWA**

Imibandela yale nqubomgommo isebeenza kubo bonke abasebenzi be-CBE, okusetshenziswana nabo kanye amalungu omphakathi axhumana ne-CBE.

## **4. INDLELA I-CBE EYAKHEKE NGAYO KANYE NENQUBO YOKUNQUMA IZILIMI EZISEMTHETHWENI**

UMkhandlu Wezindawo Ezakhiwe (i-CBE) uyiskhundo esisemthethweni esasungulwa ngokoMthetho Wezindawo Ezakhiwe ( wama-43 wonyaka we-2000) Umgwamanda omkhulu ohlelela iMikhandlu Yowazi eyisthupha yezindawo ezakhiwe (Aabdwebi bamapulani ezakhiwo, Ukuphathwa Kwmaphrojekhti Nokwakha, Ubunjiniyela, Ukebenza Ngokubukeka Kuzakhiwo, uKulinganisa Ukubiza Kwempahla kanye woKuhlola Ukubiza Kokwakha) ngenjongo yokuphoqeleta ukuziphatha okuhle kulo msebenzi, yokuguqula lo msebenzi kanye nokukhangisa uHulumeni WaseNingizimu Afrika ngezindaba eziphathelene nezindawo zokwakha .

I-CBE njengamanje itholakala e-Pitoli, futhi ayikakabi khona kwezinye izifundazwe. Izindlela ezihlukahlukene zokuxhumana zisetshenziselwa ukufundisa okusetshenziswana nabo ngezinsizakalo ezinikwezwa yo-CBE.

## **5. INQUBOMGOMO YE-CBE YEZILIMI EZISEMTHETHWENI**

I-CBE izibophezele ekusebenziseni zonke izilimi eziyi-11 njengoba zichazwe eMthethweni Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 lapho zisebenziseka, futhi nalapho icelwa ngamalungu omphakathi.

### **5.1 Izilimiezisemthethweni**

I-CBE yamukele zonke izilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika njengezilimi zayo ezisemthethweni ukwenzela izinhloso zale Nqubomgommo.

#### **I-CBE izosebenzisa izinyathelo ezilandelayo zokusetsheniziswa kwezilimi:**

- a) Ulimi lokwenza umsebenzi ngaphakathi nangaphandle Iwe-CBE luzoba isiNgisi.
- b) Izilimi ezilandelayo zisetshenziselwa ukuxhumana nokusetshenzisana nabo nomphakathi ngezinhloso zikaHulumeni:
  - i. IsiNdebele, isiXhosa, isiZulu and siSwati (iqoqo lesi-Nguni);
  - ii. IsiPedi, isiSotho, isiTswana (iqoqoq lesiSotho);
  - iii. IsiVenda;
  - iv. IsiTsonga;
  - v. IsiNgisi; kanye



vi. NesiBhunu.

## **5.2 Amaphuzu afanele abhekwe lapho kusetshenziswa ulimi olufanele olusemthethweni**

- a) Ukusetshenziswa okukhethwayo kolimi kulabo ukusetshenziswana nabo;
- b) Ukusebenziseka ngenkathi kuxhunyanwa nalabo ukusetshenziswana nabo; kanye
- c) Nolimi olukhulunywa kakhulu ngenkathi kuxhunywana nokusetshenziswana nabo.

## **5.3 Ezinye izilimi**

I-CBE ikhuthaza ubuliminingi. Okusetshenzisana nabo, abadinga ulwazi olubhalwe phansi noma olushicilelw ngolimi oluthile olusemthethweni, lapho ukuxhumana noma ulwazi lunikezwe ngalolo limi, bangeke bacela ukuxhumana noma ulwazi olufana nalolu okufanele lunikezwe ngolimi olunjengalo olusemthethweni. Isicelo esifana nalesi, sifanele sibe esibhalwe phansi ngolimi olucelwayo, futhi sitholwe i-CBE okungenani kusenezinsuku ezingama-60 (amashumi ayisithupha) ngaphambi kokuxhumana noma ulwazi ludingeke.

## **6. UKUFINYELELEKA**

Ngokuhambelana noMthetho Wezilimi Ezisemthethweni, i-CBE izokwenza umzamo wokusebenzela sonke isakhamuzi sase-SA, ngolimi olusemthethweni esizikhethelle Iona. Yize isiNgisi singulimi olusemthethweni olusethenziswa yi-CBE kuyo yonke imisebenzi yokuxhumana, izicelo zizobhekelwa ukuxhumana nganoma yiluphi ulimi olusemthethweni lwaseNingizimu Afrika.

**6.1** Ulimi olusetshenziswa kukho konke ukuxhumana okubhaliwe okusemthethweni e-CBE ngemibhalo esemthethweni, imibiko, izinqubomgomo kanye zinye izinto ezibhalwe phansi kuzoba ngesiNgisi. Izicelo zolwazi ezinganoma iluphi olunye ulimi oluemthethweni zizobhekelwa, njengenkambiso echazwe ku-5.3 kule nqubomgomo.

**6.2** Ekuxhumaneni komlomo nokusetshenziswana nabo kanye nomphakathi jikelele, i-CBE izokwenza umzamo omkhulu ukubhekela ukukhethwa ko(kwezi)limi zokhulumayo.

**6.3** Iwebhusayithi iyatholakala njengamanje ngesiNgisi. Umzamo uzokwenziwa ukubhekela izicelo zolwazi olunganoma iluphi ulimi olusemthethweni olucelwe ngokuhambelana nenkambiso ecazwe ku-5.3 kule nqubomgomo.

## **6.4 Umuntu onezidingo ezikhethekile uzobhekela njengoba kulandela:**

- a) Nanoma iliphi ilungu lomphakathi elidinga ulwazi olubhreyili lizodingeka ukuba lazise i-CBE ngokubhalwe phansi noma ngocingo futhi ulwazi olufana nalolu luzokwenziwa ukuba lutholakale. Isicelo esifana nalesi, sifanele senziwe futhi sitholwe i-CBE okungenani kusenezinsuku ezingama-60 (amashumi ayisithupha) ngaphambi kokuba ukuxhumana noma ulwazi ludingeke.



- b) Nanoma iliphi ilungu lomphakathi elifisa ukuxhumana ne-CBE ngolimi lokukhuluma ngezandla lazise uMnyango Wezzokuxhumana ngokubhalwe phansi okungenani kusenezinsuku ezingama-60 (amashumi ayisithupha) ngaphambi kokuba usiz ludingeke, ukwenzela ihhovisi ukuba lenze amalungiselelo ngokufanele.

## 7. INDLELA YOKUKHALAZA

Nanoma ubani organeliswe ngokusetshenzisa kwezilimi ezisemthethweni yi-CBE angafaka isikhala zo asiqondiswe e-CBE, njengoba kukhonjisiwe kusahluko sesi-4 (f) soMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezimthethweni wonyaka we-2012.

### 7.1 Izikhala zo zifanele zifakwe njengoba kulandela:

- Ngokubhalwe phansi, kungakapheli izinyanga ezintathu zokuvela kwesikhala zo.
- Nanoma isiphi isikhala zo esifakiwe sifanele shiso imininingwane elandelayo: igama nesibongo, ikheli leposi nelendawo, kanye nemininingwane yokuxhumana yofaka isicelo.
- Ofaka isikhala zo ufanele anikeze ngokuphelele incazeloyesikhala zo.
- I-CBE izobheka isikhala zo futhi iphendule ngokubhalwe phansi, kungakapheli izinyanga ezintathu ngemuva kokuba isikhala zo sifakiwe, yazise umfakisikhala zo ngesinqumo.

## 8. UPHIKO LEZILIMI

Akuzukuba khona uPhiko Lwezilimi oluzimele e-CBE; uPhiko Lokuxhumana lase-CBE luzokwenza imisebenzi yoPhiko Lwezimi.

### 8.1 UMnyango Wokuxhumana uzonikezwa ngokwethenjwa imisebenzi elandelayo yoPhiko Lwezimi:

- Ukweluleka isiphathimandla esifanele sama-akhawunti sase-CBE ngokakhiwa, ukwamukelwa kanye nokusetshenziswa inqubomgomoyezilimi;
- Ukuqapha nokuhlola ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni yi-CBE;
- Ukuqapha nokuhlola ukuhlonishwa kwale Nqubomgomoyase-CBE;
- Ukubhala imibiko ezifakwa ophikweni likazweloneke lezilimi ngokwesahluko se-6(2);
- Ukukhuthaza ukuphathwa ngenhloniphonangokulingana kwezilimi ezisemthethweni nguhulumeni kazweloneke;
- Ukwenza lula ukufinyeleleka komphakathi kuzinsizakalo nasolwazini Iwe-CBE;
- Ukukhuthaza ukuphathwa kahle kolimi yi-CBE.

## 9. UKUBUYEKEZWA KWALE NQUBOMGOMO

I-CBE izobukeza le Onqubomgomonjalo ngonyaka, noma lapho kuvela isidingo.



